

Story Power

Umkhombandlela
wamathimba okufunda



valiba

Siyanemukela!

ENingizimu Afrika yonkana abantu baqala amathimba okufunda ukuze benze abantu abasha bafunde! Amanye alawa mathimba asebe khona iminyaka eminingana, kanti amanye asaqala nje – kodwa into ewenza afane wonke, ukuthi abuzwile ubumnandi bendaba manje awafuni ukuyidedela!

Ngabe uyakucabanga ukuqala ithimba lokufunda? Noma mhlawumbe sewunalo kodwa ufuna amacebo kanye nemiqondo ongayisebenzisa? Uma kunjalo-ke lo mkhombandlela weStory Power wenzelwe wena! Kuwo ungathola ukuthi liyini ithimba lokufunda, ukuthi liqalwa kanjani nokuthi ungaligcina kanjani liqhubeka ukuze izingane zilokhu zifuna ukuza ethimbeni lakho lokufunda.

Ngabe bewazi nje ukuthi ithimba lakho lingaba yingxenye yohlelo lwamathimba okufunda akwaNal'ibali? Bhalisa ithimba lakho lokufunda ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.

Siyajabula ukuthi usuhlanganyele nathi ekufundeleni izingane njalo!

Ithimba lakwaNal'ibali

QAPHELA: Lo mkhombandlela utholakala ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziyishumi nanye; bheka eminye imikhombandlela ochungechungeni lweStory Power! Yana ku-www.nalibali.org ukuze uyithole.



Kukhonani ngaphakathi

Liyini ithimba lokufunda?	3
Ukuqala ithimba lokufunda	4
Yini ongayenza ethimbeni lokufunda	5
Ukuthola izinsiza zokufunda	6
Yenza indawo enothe ngokuphrintiwe	7

Ukuze uthole eminye iminingwane mayelana nokuphinde usebenzise kanye/noma ukusabalalisa le nsiza, xhumana noNal'ibali:

The Nal'ibali Trust

Suite 17–201, Building 17

Waverley Business Park, Wyecroft Road

Mowbray, 7700

Inombolo yocingo: (021) 448 6000

Ikheli le-imeyili: info@nalibali.org

Abasunguli kanye nabengamele iphrojekthi: Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA)

Umdwebi wabalingiswa bakaNal'ibali: Rico

Idizayini: Magenta Media

Ukuhlelwa kombhalo nezithombe: Baseline

Publishing Services

Liyini ithimba lokufunda?



Abantu baqala amathimba okufunda ngoba bayazi ukuthi kubaluleke kanjani ukuxoxa izindaba, ukufunda kanye nokubhala ezimpilweni zethu. Bafuna ukuvulela izingane zabo amathuba okuthokozela ukufunda, ukubhala kanye nokulalela izindaba. Bayazi ukuthi uma izingane zizizwela injabulo etholakala ezindabeni nasezincwadini njalo, zizokhula zithanda ukufunda futhi zizoya ngokuba ngcono kukho. Ngakho-ke, ngabe liyini ithimba lokufunda?

Kafushane nje ngamathimba okufunda

- ★ Ithimba lokufunda liyindawo lapho izingane eziya khona ngokuzikhethela ukuze zithokozele izincwadi kanye nezindaba. Akekho umuntu ophoqelekile ukuthi aye – yinto ozikhethela yona ukuyenza.
- ★ Yindawo ekhululekile efana nekhaya kunasesikoleni.
- ★ Yindawo lapho abantu abathanda izindaba nezincwadi behlangana khona njalo ukuze bafunde, baxoxe izindaba futhi baxoxe nangalokho abakufunda nezingane zayo yonke iminyaka. Ngesinye isikhathi baphinde benze neminye imisebenzi ethokozisayo ehambisana nezindaba kanye nezincwadi. Futhi imvamisa kunesikhathi sokuthi amalungu ethimba lokufunda abhale futhi ... ngoba ukufunda nokubhala kuyahambisana.
- ★ Zonke lezi zinto zingenzeka nganoma iluphi ulimi – empeleni, amathimba amaningi asitshela ukuthi axoxa futhi afunda izindaba ngezilimi ezimbili noma ngaphezulu!

Okunye ngamathimba okufunda

- ★ Ithimba lokufunda lingaba yindawo yokufunda ukufunda okubhaliwe uma ungakwazi ukufunda nhlobo noma ukuthuthukisa ukwazi ukufunda uma ungakwazi ukufunda kahle.

Ukuze uthole eminye imininingwane mayelana namathimba okufunda esigabeni sethu esikhethekile saMathimba Okufunda kusizindalwazi kanye naku-mobisite yethu – ku-www.nalibali.org kanye naku-www.nalibali.mobi.

- ★ Noma ubani angazibandakanya: izingane ezikhasayo, izingane, amabhungu namatshitshi, omama, obaba, ogo nomkhulu, amavolontiya kanye nabanye abanakekela izingane.
- ★ Amanye amathimba makhulu, anezingane ezingafinyelela kwezingama-50 kanye nabantu abadala abangamavolontiya abahlanu noma abayisithupha. Bahlanganyela ezindaweni ezinkulu ezifana nalezo ongazithola ezikoleni, emitatsheni yezincwadi kanye nasezikhungweni zomphakathi. Amanye amathimba mancane, afana nalawo abanjelwa ekhaya ngamathimba amancane abantu abadala emakhaya abo ezinganeni ezi-5 noma eziyi-6 ezihlala nabo noma eduze nabo.
- ★ Amathimba amaningi aqhutshwa abantu abadala, kodwa amanye amathimba aqalwa futhi aqhutshwa yizingane kanye namabhungu namatshitshi emakhaya abo, noma esikoleni ngesikhathi sekhefu noma ngemva kokuphuma kwesikole.
- ★ Wonke amathimba ahlalanga njalo – okungenani kanye ngesonto. Amanye amathimba ahlalanyela njalo ngezinhlelo ezenzelwa izingane esontweni, ethempelini noma kumoski, noma njengengxenye yohlelo lokunakekela lwangemva kokuphuma kwesikole. Kuze kube khona namathimba ezingane ezincane kanye nezingane ezikhasayo imbala emitatsheni yezincwadi!



Ukuqala ithimba lokufunda



Ngabe uzizwa unogqozi lokuqala ithimba lokufunda? Ayikho indlela eyodwa okungathiwa ngefanele yokwenza lokhu. Kumele wenze lokho okulula kuwena ngoba maningi amathuba okuthi uzokwazi ukuqhuba kanye nokwandisa ithimba lokufunda! Nansi eminye imiqondo engaba umkhombandlela wakho.

- ★ **Ubani?** Kungcono kakhulu uma amathimba okufunda eqhutshwa abantu abathanda ukufunda izindaba kanye nezincwadi futhi nabantu abafuna ukusiza izingane ukuthi zibe nothando lwezindaba kanye nokufunda. Akudingeki ukuthi uze wazi okuningi ngezindaba ezifundwayo – uzofunda ngomhlaba omuhle wezindaba zezingane ngokubamba iqhaza kwakho ethimbeni. Amathimba okufunda amaningi aqhutshwa ngamavolontiya, ngakho awuholi. Iholo lakho lingubumnandi obutholayo kanye nokweneliseka ngokuthi wenza umehluko othile!
- ★ **Abantu abangaki?** Nquma ukuthi ungathola amavolontiya amangaki azokusiza ukuthi uhlelele imisebenzi yethimba lakho lokufunda. Sebenzisa lokhu ukuze unqume ukuthi ungakwazi ukuthatha izingane ezingaki: ngokujwayelekile kuye kusebenze kahle ukuba kube nezingane ezinhlano kumuntu omdala ngamunye. Uma zimbalewa izingane onazo uzokwazi ukunaka ingane ngayinye. Kungumqondo omuhle ukuthi uqale kancane – abantwana abahlanu nomuntu omdala oyedwa nabo bayithimba lokufunda. Ungabe sewandisa ithimba lakho ekuhambeni kwesikhathi uma ufuna ukwenza kanjalo!
- ★ **Kuphi?** Ithimba lokufunda lingaba noma yikuphi lapho kunendawo ethule futhi ephephile khona – esikoleni, endaweni yokugcina izingane ngemuva kokuphuma kwesikole, kumtapo wezincwadi, ehholo lomphakathi noma emtholampilo. Qalani endlini noma egaraji lomuntu othile, kuSontosikole, endlini yokusontela

amaSulumane noma ethempelini – noma ikuphi lapho kuzoba lula khona kuwena!

- ★ **Nini?** Ithimba lokufunda lingahlangana noma yingasiphi isikhathi esikahle. Lingathatha isigamu sehora noma amahora amabili. Kukuwena! Amathimba okufunda amaningi ahlalanga kanye ngesonto. Ningahlangana kaningana kodwa akumele kube ngaphansi kwalokhu!
- ★ **Ini?** Amathimba okufunda adinga indawo evulekile azohlanganela kuyona. Kuba kuhle ukuthi kube khona nento ephuzwayo nedliwayo uma kungenzeka. Futhi amakhushini kanye nokhaphethi benza kuhlaleke kahle uma kuqhathaniswa namadeski nezihlalo. Kodwa kungafundwa futhi ngaphansi kwesihlahla, kulelwe otshanini nanoma ikuphi nje lapho kukahle khona. Okubaluleke kakhulu ukuthi udinga izincwadi zokufunda ezikahle ukuze ugcine wonke umuntu enogqozi – izincwadi ezinezithombe, amanoveli, izincwadi ezinika ulwazi, izinkondlo, imilolozelo kanye namaculo, amaphephandaba kanye namaphephabhuku.

Ukuze ubhalise ithimba lakho lokufunda kuhlelo lakwaNal'ibali, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Yini ongayenza ethimbeni lokufunda

Ingabe udinga usizo ngezinto eningazenza njengethimba lokufunda? Nakhu ukusikisela. Ezinye izinto kumnandi ukuzenza njalo uma nihlangana. Khetha kweminye imisebenzi kuye ngokuthi ihlobene kanjani nezincwadi nezindaba enabelana ngazo nokuthi ninesikhathi esingakanani. Shintsha eminye imisebenzi ngesonto ngalinye ukuze izikhathi zenu zokufunda njengethimba zibe lokhu zinesasasa nogqozi, futhi zikhuthaze izingane ukuba zibe khona njalo!

★ **Imidlalo nezingoma:** Lezi yizindlela ezimnandi zokuqala umhlangano. Fundisa izingane imidlalo nezingoma enanizidlala futhi nizihlabelela useyingane bese nidlala leyo midlalo eziyaziyo. Culani izingoma ngazo zonke izilimi zezingane zasekhaya nangezinye izilimi.

★ **Ukufunda ngokuzwakalayo nokuxoxa izindaba:** Funda ngokuzwakalayo futhi uxoxe indaba emhlanganweni ngamunye ukuze nabelane ngezigameko nolwazi olungatholakali empilweni yangempela. Izingane zizojabula futhi zibe nelukuluku lokufuna ukwazi ngezihloko ezintsha, ngakho zizoba nomdlandla zifune ukufunda ... kanti nohlelo lwamagama eziwasebenzisayo nalo luzokhula!


★ **Ukufunda ndawonye nalapho uwedwa:** Vumela izingane esezikwazi kakade ukufunda ukuba zihlanganyele izincwadi ngamaqembu amancane nangazimbili. Zingafundela nezinye izingane ethimbeni ezingakakwazi ukufunda. Joyina nawe ngokucela ingane ikufundele noma ngokufundela iqembu elincane lezingane. Ngezinye izikhathi vumela izingane zichithe isikhathi zizodwa zinencwadi, zifunda buthule noma zibheke izithombe bese zixoxa eyazo indaba. Ukuchitha isikhathi ngezincwadi ngalezi zindlela kukhuthaza izingane ukuba zikhethe futhi zabelane ngezincwadi ezizijabulelayo.

★ **Ukuxoxa ngezincwadi:** Yethula izincwadi ezintsha ngokuthi uzikhombise izingane bese uzitshela kafushane ngencwadi ngayinye ukuze zibe nelukuluku lokufuna ukwazi futhi zifune ukuzifunda.



★ **Ukubhala:** Nikeza izingane amathuba angafani okuba zibhale. Zingazenzela izincwadi ezingazifunda ngokwazo futhi zitshale abanye ngazo, noma zibhale ngezincwadi ezizifundile, noma zenze amakhadi okubingelelana ezizowanika abangane nomndeneni. Zimisele ukusiza izingane ezingazethembi kahle ekubhaleni zizodwa ngokuthi ukubhale phansi lokho ezikutshela khona.

★ **Ubuciko, imisebenzi yezandla nedrama:** Khuthaza izingane ukuba zidwebe izithombe, noma ukuthi zenze opopayi noma ezinye izinto ezihlobene nendaba oyifundile noma ozixoxele yona. Noma, nikeza izingane isikhathi sokuba zenze imidlalo yedrama ngalokho ezikufundile.



Vakashela ekhasini lethu
likaFacebook
(www.facebook.com/nalibaliSA)
nsuku zonke ukuze uthole amanye
amacebo amathimba okufunda avusa
usinga kanye nemiqondo
yemisebenzi – noma wabelane
ngamacebo akho nathi!

Ukuthola izinsiza zokufunda

Izingane zifunda ukufunda okubhaliwe ngokufunda! Uma imbewu yokufunda seyitshaliwe, kudingeka ukuthi uqhubeke nokuyinakekela ukuze uthando lokufunda lukhule lube namandla. Lokhu kuchaza ukuqinisekisa ukuthi ithimba lenu lokufunda linezinto eziningi ezihlaba umxhwele izingane ezithanda ukuzifunda. Nanka amanye amacebo angakusiza ukuthi wenze lokhu.



1. Thenga izincwadi

Hlelani imicimbi efana nokosa inyama noma ukudayisa amakhekhe, ukuze nithole imali yokuthenga izincwadi zethimba lenu lokufunda. Bese nibheka izincwadi ezishibhile ezitolo ezidayisa izincwadi ngamanani aphantsi, ezitolo ezidayisa izincwadi ezingasezintsha kanye nalapho kudayiswa khona izincwadi ukuze kusizwe abaswele.

2. Bolekani izincwadi

Umapo wezincwadi womphakathi noma wasesikoleni ngumthombo omuhle wokungafundwa kwamahhala. Yenza wonke amalungu ethimba lokufunda kanye namavolontiya ukuthi babhalise ukuze nikwazi ukuboleka izincwadi eziningi ezahlukenene.

3. Thola izipho eziyizincwadi

Cela amalungu ethimba nawo wonke umuntu omaziyo ukuthi banikele ngezincwadi ethimbeni lenu ngosuku lwabo lokuzalwa.

4. Thola abazonikela ngezincwadi

Bheka izinhlangano ezinikela ngezincwadi zezingane ngezilimi ezahlukenene. Cela nezikole zonke ezisendaweni yakho futhi ukuthi ziqoqe izincwadi zethimba lakho. Khumbula ukuthi uqinisekise ukuthi zonke izincwadi ezinikelwe ziyahambisana nezingane ezisethimbeni lakho!

5. Thola isithasiselo sephephandaba sakwaNa'ibali

Zakhele ezakho izincwadi ezingezilimi ezimbili ngokusebenzisa izincwadi ozozisika uzikhiphe bese uzigcina ephephandabeni lakwaNa'ibali. Sika ukhiphe izindaba ezinjana esahlukeni esithi "Ikhona lezindaba". Namathisela lokhu

ephepheni elikhulu noma ekhadibhodini.

Mboza lokhu ngoplastiki noma nge-clingwrap ukuze ukuvikela.

6. Thola izindaba zamahhala

Vakashela izizindalwazi lapho ungathwebula khona ngensiza yekhompuyutha izindaba zezingane kanye nezamabhungu namatshitshi. UNal'ibali (www.nalibali.org, www.nalibali.mobi), iBookdash (www.bookdash.org) kanye ne-African Storybook (www.africanstorybook.org) banezincwadi kanye nezindaba zezingane eziningi ezahlukenene ngezilimi ezahlukenene ongazithwebula futhi uziphrinte (noma uzifunde ku-inthanethi) mahhala. IFundza (www.fundza.co.za, www.live.fundza.mobi) ihlinzeka ngezindaba ezihlaba umxhwele zamabhungu namatshitshi komakhalekhukhwini bazo.

7. Yiba umbhali wezindaba

Bhalela izingane izindaba zakho, ezinye uzibhale nazo. Izingane ziwumthombo okhulumayo nophilayo, zinezindaba zazo ezinothile ezilinde ukuxoxwa, ukubhalwa nokufundwa.

8. Thungatha izindaba

Funa izindaba emaphephandabeni nasemaphephabhukwini ocabanga ukuthi zingawahlaba umxhwele amalungu ethimba lakho lokufunda. Zisike uzikhiphe bese uzisebenzisela ukwakha amakhadi ezindaba.

Izingane ezithanda ukufunda zikhuthazeka ukuthi zifunde futhi zinokuzethemba kakhulu futhi zifunda kangcono kunezingane ezingathandi ukufunda.

IProgress in International Reading Literacy Study (PIRLS), 2011



Yenza indawo enothe ngokuphrintiwe



Ngabe zingaki izinto eziphrintiwe ezisendaweni ingane yakho ekuyo? Ngabe ziyazibona izimpawu, izaziso, izikhangiso, amaphephabhuku, amaphosta, izincwadi ezifundwayo, izincwadi, ama-imeyili kanye namaphephandaba azizungezile ngesikhathi ziqhubeka ngezimpilo zazo? Futhi ngabe lezi zinto zibhalwe ngezilimi ezingaki?

Izingane zifunda ukufunda kalula uma zizungezwe okuphrintiwe ngoba izindawo ezinothe ngokuphrintiwe zizikhombisa ukuthi kungasetshenziselwani ukufunda kanye nokubhala. Nanka amacebo ayisithupha azokwenza ithimba lakho lokufunda libe indawo enothe ngokuphrintiwe.



1. Yakha amaphosta

Cabanga ngalokho okuhlaba izingane ezisethimbeni lakho umxhwele bese wenza amaphosta ngalezi zihloko. Dweba izithombe zakho noma usebenzise lezo ezisemaphephandabeni kanye nasemaphephabhukwini. Bese ubhala imininingwane, iziqubulo noma imilayezo ngolimi olulodwa noma ezingaphezulu ukuze uqedele amaphosta. Phanyeka iphosta lapho kulula khona ukuthi izingane ziwafunde bese uyawashintsha njalo ukuze ugcine izingane zihlabeke umxhwele!

2. Yenza amaphosta emilolozelo, amaculo kanye neziphicaphicwano

Bhala imilolozelo, amaculo kanye neziphicaphicwano ngezilimi ezahlukeni emaphepheni amakhulu. Cela izingane kanye namalungu omndeni ukuthi benze iziphakamiso bese usebenzisa lezo ozazi kahle.

Chitha isikhathi usho imilolozelo noma iziphicaphicwano, bese nicula amaculo ndawonye kanye nezingane – khumbula ukukhomba amagama ngesikhathi ufunda noma ucula. Khuthaza izingane ukuthi zifunde futhi ziphinde zifunde amaphosta zodwa noma nabangani. Uma zifuna, zivumele ukuthi zikopishe amaphosta nokuthi zenze awazo amancane ezizowasa ekhaya bese zabelana nemindeni yazo.

3. Yenza ucingo lokuneka lwezinhlamvu zamagama

Ndawonye kanye nezingane, bhala izinhlamvu zamagama emaphepheni ahlukeni bese udweba isithombe sohlamvu lwegama ngalinye. (Izingane ziyathanda ukudweba izithombe zazo ezizohambisana nohlamvu

lwegama lazo!) Beka umucu wentambo unqamule igumbi bese usebenzisa amaphekisi ukuze uphanyeke amahlamvu amagama ngokohlelo.

4. Chichima ngokuphrintiwe

Qoqa izinhlobo ezahlukeni zokubhaliwe ocabanga ukuthi zizohlaba izingane zakho umxhwele. Zama ukuthola amamenyu okudla okuthengwa sekuphekiwe, amakhadi ezilokotho amadala, amaphepha anezikhathi zokuhamba kwezitimela noma amabhasi, amapheshana anikeza ngolwazi, amapheshana ezikhangiso, amaphephandaba kanye namaphephabhuku. Izingane kungenzeka zikuthokozele ukufunda okunye kwalokhu, kodwa futhi zingasebenzisa lokhu uma zilingisa izindaba, noma nikusike uma nenza amakhadi, amaphosta, izithombe noma izincwadi.

5. Sebenzisa umtapo wezincwadi

Bolekani izincwadi emtatsheni wenu wezincwadi – umtapo ongapheli wezinsiza zokufunda zamahhala! Khumbuza izingane ukuthi zinakekele izincwadi ukuze zithokozelwe ezinye izingane eziningi futhi!

6. Yiba isibonelo esihle

Fundela bese niphinda nifunda nezingane. Xoxa ngemikhuba yakho yokufunda – lokho okufundayo, ukuthi uthanda ukufundela kuphi, obani ababhali obathandayo nokuthi kungani. Uzobhalela futhi ubhale nezingane zakho.

Uma ukufunda kuzwakala kahle ezinganeni, ziba ngabafundi. Sonke siphinda izinto esizithokozelayo.

John Monfredo

Xhumana noNal'ibali

Yiba yingxenywe yohlelo lukaNal'ibali bese usebenzisa amandla ezindaba ukuze ukhuthaze izingane ukuthi zifune ukufunda nokubhala.

Vakashela izithangami ezahlukene ukuze uthole izinsiza kanye namacebo okufundela ukuzithokozisa, kanye nezindaba zezingane ngezilimi eziyi-11.

Izithasiselo zikaNal'ibali

Thola isithasiselo sasephephandabeni sokufundela ukuzithokozisa esingezilimi ezimbili ku-Sowetan, i-Sunday Times Express, i-Daily Dispatch kanye ne-The Herald. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Usemsakazweni uNal'ibali

Lalela izinhlelo zikaNal'ibali emsakazweni eziteshini zokusakazela umphakathi zakwa-SABC, bese uthokozela izindaba zezingane ngezilimi eziyi-11 ezisemthethweni eNingizimu Afrika. Vakashela ku-www.nalibali.org ukuze uthole **izinhlelo zasemsakazweni** zakwaNal'ibali.

www.nalibali.org

Vakashela **isizindalwazi** sikaNal'ibali ukuze uthole amakhasi amacebo, ama-blog okwazi ukufunda nokubhala, amacebo okufunda kanye nezindaba zezingane kwamahhala.

www.nalibali.mobi

Thola amacebo okuxoxa izindaba kanye nokufunda, ukwesekwa kwamathimba okufunda nezindaba ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziyi-11 – **kumakhalekhukhwini** wakho!



Izinkundla ezokuxhumana

Yiba yingxenywe yengxoxo ku-**Facebook** futhi usilandele ku-**Twitter** naku-**Instagram** ukuze uthole amasu nezakamuva ezikhuthaza ukufundela ukuzithokozisa, izindaba ezintsha nemincintiswano. Kanti ungaphinde uvakashele isiteshi sethu se-**YouTube**, www.youtube.com/user/TheNalibaliChannel ukuze uthole amasu awusizo ethimba lokufunda.



Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela:  www.nalibali.org  www.nalibali.mobi

 [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)  [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)  [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)  info@nalibali.org

